UMGUBHO WOMSHADO

 [Umnyuziki womshado udlala imizuzu eyisithupha—Umhl.]

2 Ngizocela bani, ukuba lona wesifazane abe ngumlobokazi kulendoda na? [Ubaba womlobokazi uthi, “Mina, ubaba wakhe.”—Umhl.]

3 Bathandiweyo ngokuthandekayo, sibuthene lapha ebusweni balesisixuku, eBukhoneni bukaNkulunkulu, ukuhlangana ndawonye ekugananeni okungcwele lendoda nalona wesifazane, okuhloniphekile, njengoba kwamenyezelwa nguPawulu oNgcwele, phakathi kwabantu bonke. Ngakho-ke akufanele noma ubani angene kukho ngokungalulekwa noma kalula, kodwa ngenhlonipho yokuzithoba, ngokuqaphela, ngokululekwa, nangokuzotha, nangokwesaba uNkulunkulu.

4 Kulesisimo esingcwele lababantu ababili abalapha manje ukuba bahlanganiswe. Uma ekhona lapha ongakhombisa imbangela elungileyo ukuthi kungani bengafanele bahlanganiswe ngokusemthethweni kulokhu ukuganana okungcwele, mabakhulume manje, noma bathule ingunaphakade.

5 Ngizodinga futhi ngizoniyala nobabili, njengoba ngempela nizophendula ngoSuku lokwaHlulelwa lapho izimfihlo zezinhliziyo zonke ziyodalulwa ukuthi uma omunye wenu azi noma yisiphi isithiyo ukuthi kungani ningafanele ukuba nihlanganiswe ndawonye ngokomthetho kulokhu kuganana okungcwele, niyavuma manje, ngokuba kuqinisekile kini ukuthi noma yibaphi abantu abahlanganiswe ngenye indlela kunoma iZwi likaNkulunkulu likuvumela, umshado wabo awukho emthethweni.

6 Kodwa ngikholwa ukuthi nisicabangisisile ngokufaneleyo lesisibopho esinesizotha enizosithatha ukuthi nizilungiselele ukungena kukho ngokufanayo, ngenhlonipho enesizotha, ngokuqaphela, ngokuhlakanipha, nangokwesaba uNkulunkulu, ngizakucela kini isivumelwano somshado; nizomemezela okufanayo njengoba nihlanganisa izandla zenu zesokunene. [Umyeni nomlobokazi bahlanganisa izandla zabo zesokunene—Umhl.]

7 Uzomthatha lo wesifazane ukuba abe ngumkakho oshade ngokomthetho, ukuba nihlale ndawonye kulesisimo sokuganana okungcwele, uyethembisa ukuthanda, ukuhlonipha nokuphatha kahle ekuguleni nasekuphileni, engcebweni noma ekuhluphekeni, futhi uzoshiya konke okunye futhi unamathele kuye kuphela inqobo nje uma nobabili nisaphila na? [Umyeni uthi, “Ngizokwenza.”—Umhl.]

8 Uzoyithatha lendoda ukuba ibe ngumyeni wakho oshade naye ngokomthetho, ukuhlala ndawonye kulokhu kuganana okungcwele, uyethembisa ukuthanda, ukuhlonipha, ukuphatha kahle ekuguleni nasekuphileni, engcebweni noma ekuhluphekeni, futhi uzoshiya konke okunye futhi unamathele kuye kuphela inqobo nje uma nobabili nisaphila na? [Umlobokazi uthi, "Ngizokwenza."—Umhl.]

9 Ngizofuna uphawu lwenu ukuthi lesisivumelwano phakathi kwenu esenziwe sizogcinwa njalo. [Izindandatho zibekwa eBhayibhelini likaMfowethu Branham, umyeni khona-ke ufaka indandatho emunweni womlobokazi, bese kuthi-ke umlobokazi ufaka enye indandatho emunweni womyeni—Umhl.] Manje ningahlanganisa izandla zenu zesokunene ndawonye futhi phezu kweZwi likaNkulunkulu.

Asikhothamise amakhanda ethu.

10 Nkulunkulu uSomandla, Owashadisa owesilisa nowesifazane wokuqala ensimini yase-Edene, uhlanganisa ndawonye indalo yaKho uqobo, siyaqonda, namhlanje, ukuthi lomyalo wenziwe kusukela phansi eminyakeni kuze kube yiwo impela lomshado. Futhi, Baba, Nguwe Wedwa kuphela Ongahlanganisa izinhliziyo enye kwenye. Futhi siyakhuleka, Baba waseZulwini oThandekayo, njengoba lokhu kwenziwe ngeseluleko saKho esihlakaniphile, ukuthi Ulethe lo osemncane, umfana ongumKristu nentombazane engumKristu ndawonye ukuba bahlangane kulomgubho ongcwele namhlanje, ukuba babe yindoda nomfazi komunye nomunye kulo lonke uhambo lwempilo, sikhulekela ukuthi Uzobabusisa, ubusise ikhaya labo. Benze babe yisibonelo, Nkosi, komakhelwane lapho abazokwenza khona ikhaya labo.

11 Kulolusuku esiphila kulo, lapho izinkantolo zezahlukaniso ziminyene kakhulu futhi zigcwele ngokweqile izahlukaniso, kwangathi kungebe njalo ngalensizwa nalentombi. Nkulunkulu, yipha ukuthi bazojabula, baphile. Benze bathele izithelo, Nkosi, futhi bande, ukugcwalisa umhlaba, njengoba Wasiyala ukuba senze ekuqaleni. Futhi njengoba Wambusisa u-Isaka noRebeka, futhi bazala abantwana babo abathembekile, kwangathi kungaba njalo ngalezizithandani, futhi, Baba. Babusise, siyakhuleka.

12 Futhi manje, ngamandla okuthunywa kwami enginikwe nguNkulunkulu uSomandla ukuba ngibe yinceku yaKhe, futhi akhonziswa kimi yiNgelosi, ngimemezela lona wesilisa nalona wesifazane: indoda nomfazi, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

13 UNkulunkulu anibusise. Senishadile. [Izithandani ziyanga, bese-ke zibheka ibandla. Umshayi wopiyano uqala ukudlala *iMashi yoMshado*—Umhl.]

14 Noma yini uNkulunkulu akuhlanganisayo, makungahlukaniswa-muntu. [Umyeni, umlobokazi, nabathamele bayaphuma—Umhl.]

Asikhothamise amakhanda ethu.

15 Nkulunkulu othandekayo, njengoba sibonile namhlanje, ukuthi, izinhliziyo ezimbili zisengashaya njengeyodwa, futhi sisanda kwenza lomgubho, futhi sathumela insizwa nentombi bevela emakhaya abo ukuba bahambe bayozenzela ikhaya okungelabo, siyakhunjuzwa, O Nkulunkulu, ngolunye uDwendwe olukhulu oluzobakhona ngolunye usuku, lapho uJesu efika ukwemukela uMlobokazi waKhe. Futhi lapho sibona inenekazi elincane limi lingenabala engubeni yalo yomlobokazi, O Nkulunkulu, kwangathi singagcina imiphefumulo yethu ingenabala ezintweni zezwe ukuze sithandwe nguYe OyisiThandwa sethu lapho sifika kulelohora. Siphe khona, Nkosi. Futhi sikhulekela ukuthi izibusiso zaKho zizoba nalowo nalowo wethu, futhi kwangathi singaphilela lesosikhathi lapho sizothatha khona ingxenye eseHlakalweni esikhulu lokhu okusifanekisayo. EGameni likaJesu, siyakhuleka. Amen.

16 INkosi ikubusise.

[UMfowethu Branham wenza iziphawulo ezilandelayo emva komgubho—Umhl.]

17 Dadewethu Simpson, ngingathanda ukukuhalalisela ngomkhwenyana wakwakho omuhle, ubukeka njengendoda emangalisayo.

Nawe, futhi, Mfowethu Simpson. INkosi ikubusise.

18 Ngabe umama womfana ulapha, noma uyise, oyedwa na? [Umfowethu uthi, "Qhabo. Abakwazanga ukuza."—Umhl.] O, kulungile. Ngiqagele abanye abantwana bamile ekuhalaliseni, niyabo, njengabazalwane bethu phandle lapho.

19 Awu, kubukeka sengathi sifanele nje siqhubeke futhi sibe nenkonzo. Akunjalo na? Sonke—sonke sibuthene, futhi lesi bekuyoba yi—yisikhathi esihle sokushumayela, bekungeke yini, emva kokuba sebeshadile.

20 Awu, ngifanele nje ngisuke ngiye ePhoenix manje, futhi ngibuyele lapho futhi ngiqale okunye kwakho. Izinkonzo ziyaqhubeka endlini yokudansela eWestward Ho kusasa ntambama. Kuze kube yilesosikhathi, iNkosi inibusise nonke.

21 Mfowethu Dauch, kuhle ngempela ukukubona futhi, kumnandi ukukubona ezansi. Uphi udade na? Uphakathi na? [UMfowethu Dauch uthi, "Khona ngapha."—Umhl.] O, lokho kuhle. O, yebo, ekubuka ngqo. Unjani? [UDadewethu Dauch uthi, "Ngikahle."—Umhl.] O, kuhle.

65-0116x Umgubho Womshado
Ngasese eKhaya
ETucson, E-Arizona E-U.S.A.

ZULU

©2026 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

Voice Of God Recordings
P.O. Box 950, Jeffersonville, Indiana 47131 U.S.A.
www.branham.org

Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org